education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA 12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

FEBRUARY/MARCH 2009

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora amabili nesigamu (2½)

Leli phepha linamakhasi ayisi-6.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Indaba (50)

   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)

   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)

3. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo ngamunye ekhasini elisha.

5. Abahlolwayo mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

6. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

7. Ubude bokubhala lo msebenzi buhamba kanje:

   ISIQEPHU A: Bhala amagama angama-340 kuya kwangama-390. Khumbula ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa ngoba lunamamaki.

   ISIQEPHU B: Umbhalo mawube odlulisa imiyalezo ube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.

   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane enemiyalezo, mayibe ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko esisodwa kwezilandelayo ubhale ngaso ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Qaphela: Ungakhohlwa ukwenza uhlaka lwendaba yakho ngoba lunamamaki.

1.1 Ithi Ingahamba Idle Udaka

"Ukuba yindlala kwemisebenzi eNingizimu Afrika sekwenze ukuba ngishiye ekhaya ngiye eKapa lodumo. Izinto nakhona azingihambelanga kahle njengoba kade ngicabanga." Bhala indaba **elandisayo** ngalesi sihloko esingenhla ezoveza ubunzima obukwenze wathatha lesi sinqumo kanye nobunzima ohlangabezane nabo eKapa. **[50]**

NOMA

1.2 Ukugqugquzelwa kobuliminingi eNingizimu Afrika sekwenze ukuba abantu bakuleli bafunde izilimi ezimbili nangaphezulu okungezona ezabo. Bhala indaba **enhlangothi zimbili** uveze umbono wakho ngalesi sitatimende. Ungasekela nangezibonelo lapho kudingeka khona. Nika indaba isihloko. **[50]**

NOMA

1.3 Kunomculi noma umdlali webhola likanobhutshuzwayo oseseqophelweni eliphezulu omaziyo. Bhala indaba **uchaze** ukuthi aze abe usaziwayo nje kwezomculo/kwezebhola usuka kuphi? **[50]**

NOMA

1.4 Akusethusi ukubona owesimame ebandleni ebambe inkonzo isha phansi. Ngabe kufanele yini abesimame babe ngabefundisi emabandleni? Bhala indaba ukhethe **icala elilodwa** ozokhuluma ngalo uveze uvo lwakho ngalesi sihloko. Ungasekela ngokunika izibonelo lapho kudingeka khona. **[50]**

NOMA

1.5

Isithombe salezi zinsizwa ezisemgodini esingenhla siveza ukusebenza ngokuzikhandla kwazo ukuthuthukisa izwe lakithi kwezomnotho. Bhala indaba ezoveza **amaqiniso** ngokuncika kwentuthuko yomnotho yakuleli kwezokumbiwa phansi, ukwakhiwa kwemigwaqo kanye nokunye okunomthelela ekuthuthukisweni komnotho waseNingizimu Afrika. **[50]**

NOMA

1.6 Bukisisa lo mfanekiso ongezansi ohambisana nenkulumo, bese ubhala indaba ehambisana nawo. Yinike isihloko indaba yakho.



[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.

2.1 Uyisisebenzi enkampanini enkulu yakwa-Unilever ekhiqiza insipho esifundazweni saseMpumalanga. Ngenxa yokuzinikela kwakho emsebenzini base bebona ukuthi kuhle bakunike umfundaze wokuyocobelela ulwazi ezweni lase-Australia ngale mikhiqizo. Bhalela uMqondisi wale nkampani **incwadi** ubonge ngaleli thuba abakunike lona uveze nokuthi izwe lakini lizosizakala kanjani ngalolu lwazi ozobuya nalo. **[30]**

NOMA

2.2 UnguMhleli wephephandaba *iVuka Sakhe* eliphuma njalo ngoLwesine. Kunendaba esematheni kulezi zinsuku yokukhushulelwa amaholo kwalabo abasebenza emigwaqeni. Bhala ngale ndaba uphawule uphinde uveze umbono wakho ngalesi sihloko. **[30]**

NOMA

2.3 Abazali bomngani wakho babone kukuhle ukuba bamenzele umcimbi wokumbonga emva kokufinyelela esikhungweni sezeMfundo ephakeme engazange abaphoxe. Wena njengomngani wakhe uceliwe ukuba uzokwethula **inkulumo** ngosuku lwalo mcimbi. Bhala inkulumo elungiselelwe ozoyethula kulo mcimbi. **[30]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

3.1 Unguthishanhloko wesikole sasenkulisa. Bhala **ikhadi lesimemo** umeme abazali ukuba babe khona emcimbini wokwethweswa kweziqu zabantwana babo njengoba sebelungele ukuyoqala esikoleni samabanga aphansi ngonyaka ozayo. **[20]**

NOMA

3.2 Ungumdayisi wezindlu ezibizayo ezakhiwe zagudla ulwandle e-Richards Bay. Bhala **isikhangisi** esizoheha abantu ngisho abakude ukuba bazothenga lezi zindlu. **[20]**

NOMA

3.3 UNgqongqoshe wezokuVikela nezokuThutha ubehambele indawo yaseNyanyadu lapho efike wanika khona umyalelo kubaphathi bezikole ukuba bafundise ngezokuphepha emgwaqeni. Bhala-ke **imiyalelo** eshiywe nguNgqongqoshe kuthishanhloko mayelana nokugcinwa kwezimpawu zomgwaqo. Imiyalelo mayisekelwe ngezizathu. **[20]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20

AMAMAKI ASEWONKE: 100

Akuvunyelwe ukukopisha leli phepha